13-103 Customs and anecdotes of the Amachunu

ser. 163 (3) ~~M/3/21~~ F. Vilakazi [1b] b

1

PP.1-13

# 1 Ukufa kukaBaheni Mchunu K13/21

UBhaheni uzalwa uSokhotha. Kuthena ukuxa6ana kwamaDulane namaNxamalala uBaheni Mchunu ongowa semaChunwini lana olanga. Ngo6a phela amaChunu ehlukene ka6ili kukhona awakwaLanga, kukhona awokoNda6ezitha. AwakoLanga awa6ufanele ~~nk~~ u6ukhosi. ~~z~~ AwokoNda6ezitha afanele u6ukhosi inzalo kaPhakade. Pho-ke uBaheni kwakuyishinga impela kuthena kungafa yena aqala ukwehlulwa amaDulane ezinye izigodi. U6akhe emnceleni wamadulane noNxamalala.

2 Kuthena ngempi eyaliwa amaDulane noNxamalala wa6ehlula uBaheni kwafa a6antu a6amngingayiyedwa. Wayemncane emufushane. Kodwa izinduku ayeziphatha zazimangalisa. Kwakuyizinsika zendlu. Uyena owaye yigoso lempi emadulaneni. Uthena ngokwehlula a6akwaNxamalala wahamba u6usuku 6onke eyoshisa indlu yegosa lakwaNxamalala ngo6a selihluphile. Usethi engakafiki khona zamukhonkatha izinja wayehamba nempi. Usephuma uMashikelela Zuma uma izwa izinja. Use6aleka ngoku6ona ukuthi impi lena.
3 Usefika uBaheni. Usefumana inkosikazi nezingane. Eyomfana wa6aleka nayo uMashikelela. Usememeza a6antu 6akhe. Usezwakala ngoku6etha uphondo esho isiga sezifika zonke izinsizwa. UBaheni useyikhipha inkosikazi eseshisa izindlu zikaMashikelela. Seyithi ukuhlangana eyakwaNxamalala, se6esa6a ukulwa nempi kaBaheni. Se6ethumela kugoso lakwaDumakude ekha6onina likaMashi-kelela. Seliyihlomisa elakwaDumakude khona e6usuku. UBaheni
4 usethena ngokushisa umuzi useho6isa emunceleni wakwaNxamalala nowaseMadulaneni. Useyizwa eyakwaDumakude uselindela. Akazanga ukuthi eyakwaDumakude imenyelwe amaDulane. Isithi ukuhlangana eyakwaDumakude noNxamalala usethi umfokaDladla usewisa thina asixa6ene na6akwaNxamalala namaDulane futhi. Pho-ke uku6ulala a6antu singaxa6ene na6o. Kuhle simu6ambe uBaheni. A6oshwe ngokushisa umzi kaMashikelela esemehlule futhi uBaheni uselindele usezwile futhi ukuthi a6akwaDumakude
5 6azolekelela uMashikelela. Usethumela uBaheni kuGoso laseDwaleni ukuthi naku esefa. Igoso laseDwaleni alivumi ngo6a uBaheni usehluphile e6ulala a6antu ngo6ala. Futhi uBaheni

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ulwa na6o a6eseDwaleni. Sithona singa6afiki isigijimi yayisifikile eyakwaNxamalala. Usephumela o6ala uSiwisa ememeza ethi "Akaxa6ene na6akwaNxamalala nawo futhi amaDulane akaXa6ene nawo. Kodwa umenyiwe ukuzolamula lempi esizovimbezela emakhaya. Usethi 6afuna ukuбona yena uBaheni
6 6akhulume naye. UBaheni akakuvumi loko. Uthi uyo6onakala uma kuphele a6antu 6akhe. Na6o futhi se6evuma ukuthi uBaheni angeke ezo o6ala 6engakapheli a6antu 6akhe. Ukuthukuthela kukaSiwisa naye uMashi6elela. UBaheni wethembe ukuthi 6ayeza a6aseDwaleni. Kwakuthunywe uWohla Ndlela ukuyomema eDwaleni. Akasa6uyi uWohla use6aleka ngoku6ona ukuthi isi6ambene impi manjena. Usehlela oThukela e6aThenjini usekhonza khona. Isilwa-ke impi isithi ukulwa kwayo isiyehlulwa ekaBaheni.
7 Yahlangana ukuphuma kwelanga. Use6aleka uBaheni eqonda eDwaleni. Usefike eDwaleni 6emuxosha. Se6emujoka njalo uBaheni 6ekhonjiswa iphini lakhe ngo6a esehluphile se6emu6amba e6aThenjini esezifihla khona. Usesiwa enkosini emnyama. Inkosi uMjudi usemuhlawulisa emesula futhi uku6a a6eyigoso lezinsizwa. UBaheni usefuna uWohla umuntu amuthuma eDwaleni. Akasamutholi. Usethi ngoku6ona ukuthi akaselutho iningi
8 la6antu selithanda iphini lakhe useli6iza sengathi wozozeka inda6a njena. Useya uMaphikwane Ntuli. Usefika uBaheni umuhlinze-ke ngotshwala. Usethi ingamu6ona usemuhla6isa imbuzi. Useze uyalala khona lapho uMaphikwana. Usethi uma eselala usethi makalalilswe elawini na6antu ayehamba na6o. Akasalali uBaheni usethi uku6a kulalwe useyokhela indlu lakulele khona uMaphikwane. Uyiqala ngasemnyango. Se6efela endlini. Usethatha umuchilo ephuma ngoku6ona ukuthi se6efile la6a useshona ehlathini usezikhukhunga khona naye wafa kanjalo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 163

14 UZicu uyisihlo6o kwaDumakude yingako futhi lamulamulela njena uZicu. Unina kaGuda welamana nonina kaZicu zakwe. Sekuqhamuka a6adala 6asemaDulaneni ngoku6ona ukuthi ukhona ofayo laphayana. Se6e6aleka a6akwaDumakude 6emushiya uZicu lona. Se6emuthatha a6asemaDulaneni khona lapho 6eyomugeza. Nembongi yakwaDumakude yalimala impela kakhulu ekhanda nasemlenzeni. Seku6ikelwa izinduna loku izinduna sezikukhuza. Pho-ke a6afana

15 6asemaDulaneni 6ayakhala ngokuthi 6a6engaphelele ngo6a igoso la6atshena 6engekho a6anye. Sekuyi6ona a6athukuthelayo ukuzwa ukuthi igoso la6o lilimele. Se6eshaya sengathi a6axolile akuphelanga isonto yadumelana ngephaphu lakwaDumakude. Lena yalwa impela ngo6a kwalimala a6a6ili emaDulaneni wa6a munye kwaDumakude lena ayi6onakalanga ngo6a a6antu 6onke 6a6esotshwaleni kwaDumakude. Sekuzwakala ngamakhosikazi ayevela emaDulaneni

16 eyophuza utshwala kaDumakude seyithi uku6ika loku inkosikazi kuDumakude use6ikela a6anumzane (izinduna) uSotshangane noNgcanyele. Sezithumela izinsizwa ezimbili ukuyolamula Zithi uma ziqhamuka izinsizwa 6ayekane 6a6eleke 6onke. 6a6uyiswe a6akwaDumakude. 6ahambe a6asemaDulaneni. 6ekusathule namhlanjena. Kuthiwa uku6a akulanyulwanga 6a6ehlulwa a6asemaDulaneni ngo6a umncele 6a6eweqile se6engasemaDulaneni. A6anumzane se6elaya amagoso ama6ili ukuthi kwavela loku koshaywa wona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

17 uLungwengwe Zakwe, isela elikhulu

Wayezalwa uNophungela uLungwengwe lona. Uyise wayelisela elikhulu naye. Ethi uma entshontsha athi uya6ilinga. Naye-ke uLungwengwe wafuza uyise wantshontsha kwaze kwakhishwa amaphoyisa enkantolo. Umuzi kaLungwengwe wawu6iywe kahle impela unamasango ama6ili, elinye lingendla elinye lingaphambili. Lalilincane impela elangemuva lenga6onakali impela. Waye no6uqili o6uthile. Wenza ucingo wali6ophela esangweni ikophi~~li~~ li6esendlini.
18 Alifake amatshe ikophi. Athi uma umuntu evula isango kuzwakale endlini ngekopi 6ese ephuma ngesango elencane elisendlini ngemuva. A6aleke. Uthe uku6a a6one ukuthi amaphoyisa asamxinile impela wahlala enta6eni wazidlela khona izimbuzi. Kutheni kugidwa emzini wakwaDumakude wa6uya enta6eni wayo6uka umsindo lowo. Esewehlule amaphoyisa enta6eni. Unonqayi namaphoyisa 6akhumula izingu6o za6o 6aqoka amasuyidi njenga6antu 6onke njena. 6athe ukufika khona 6amu6ona. Wayegqoka isiphuku sezimbuzi. 6amuyeka emini 6amu6uka njena 6a6ona
19 ukuthi uzo6alimaza ngo6a waye sefana nenyamazane na6antu 6emesa6a. Ekhulile emude impela emkhulu futhi. 6atshena umnumzane ukuthi kuhle ~~xxx~~ amuphe ukudla kuze kuhlwe yikhona 6ezomuvimbezela. Kuthena uku6a kuhlwe amaphoyisa akanyisa wawu6ona umulilo ulungwengwe usesuka ezinsizweni eye kumnumzane. Akhuphuka amaphoyisa. Ngo6a athi ukum6oma ~~x~~ aphinda emuva uku6a ayohloma kahle ngo6a esehlule lomuntu. Athe uku6uya zawakhonkotha izinja wethuka uLungwengwe wathi umuzimba wakhe uyolumela
20 ~~xxxx~~ wa6aleka. ~~Xxx~~ Wa6athena umnumzane aka6e asavuma. Uthena ukuphuma kanti ayamu6ona amaphoyisa nonqoka 6ase 6emushaya ngesibhamu uhlamvu lwangena esiphundu lwaphumela ngaphambili. Uthi uku6a awe phansi wazi6onga wathi, "Wafa wavu mhlapho." Wathi inkomo a6ayi6ona ngaphesheya 6athi eyayiphi-na, 6athi ezikano mpungane." Wathi ngiqedele wala umulungu wathi uyoke uyokhuluma emantshini enkantolo. Sekuvela owaku6o wamugona 6amulayisha ekalishini 6amusa eMantshini eGreytown. Wakhuluma ukuthi u6ezidla impela izimbuzi wafa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

21 Uyise wayena6afazi a6ayisithupha. Waye akhe eTshekane. 6avela kwaZulu. ULungwengwe owenkosikazi endala. Kodwa okwakhe ukwe6a kwa6a yindlula. Pho-ke amakhosikazi kayise ayenge6i. Ayemukhuza njalo ukuthi akesukwe6a. Kodwa amadodana aye6a wonke. Kwaphumela ngoLungwengwe. Waye nezingane eziwu 4 kuwunina lona wesihlanu. Uthena uku6a afe uLungwengwe a6antwana 6athwalwa uhulumeni. 6aseMaritzburg 6onke manje se6ekhulile impela.

22 Kuthena uku6a amaphoyisa amuxhoshe ekha wazidlela enta6eni yedwa. Uma esesekhaya u6ezidla nomuzi wakhe wonke. 6ekuvalwa emnyango uma kudliwa. Izikhumba zezimbuzi angazilahli. Kuthi uma kufika a6ani6iza 6azo 6efuna ukulwa naye 6emuhlomile 6onke. A6alindele naye. Wayemukhulu impela esa6eka nenkosikazi eyagana yena kwamangalwa ngo6a kwakungacatshwanga ukuthi ukhona ongagana uLungwengwe. Ukwe6a wasuka na6o phansi ewumfana ehamba noyise. Uthena noma se6emu6uza ukuthi yini e6ekangaka wathi wenziwa uyise. U6ehlula imikhonto angafi.

23 Esikhundleni uku6a awe avuke uhlanya a6ulale a6aningi a6antu. Nezigodi ezinye zazule sa6a uShikishi ngo6a zi6ona yena uLungwengwe ukuthi uzozi6ulala. Izimbuzi u6ezidla o6ala angasho ukuthi uyafihla. Nenkosi yayimuthanda ngo6a nakuwaye yisiqwaga impela. Noma edla izimbuzi yayingamusoli kakhulu ngo6a wayefuna ukudla okuningi. Wayahlula inkosi imphe izimbuzi eziningi ukuthi kuhle azalise kuzona ukuze ahtole inyama eningi ayeke ukuntshontsha izimbuzi za6antu. Kuthiwa wayezidla ngelanga

24 uLungwengwe zonke izimbuzi. A6antwana waye6anika okwangaphakathi Ngaphandle kwaloko waye enga6aniki lutho. Inyama kwakuwukudla akuthandayo. Kuthi inyamazane wayecishe ukuyi6amba ngqi nyawo. Izinduku ayeziphatha kwakuyimivalo yesi6aya. Athi uma eshayana nomuntu ahsayekanje awephansi. Waye nezinka6i zakhe ayelima ngazo. Kuso6ala ukuthi waye6ulewe njena uku6a a6eyisela wenziwa uyena uyise. Wayese6enza futhi naku6elungu e6uncaneni 6akhe ngo6a 6akhele iphulazi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

25 Untombi6ovu Mkhize waseMucu6eni. U6amba izimamba ngezandla
UNtombi6ovu uzalwa uMdayi. Okwathi ngokuse6enza kwakhe
emaBhunwini elusa izinkomo waze wathunyelwa eColony uku6a ayo
kwelusela indodakazi eyagana khona. KaBhebhenene. UBhebhenene
igama leBhunu a6a6eli6iza ngalo a6antu. Unina kaNtombi6ovu
wakaVilakazi. Uthe ngokuhamba kwakhe uyise wa6uya lalanda
umzi wakhe wonke. Usethi ukufika lapho usefa sekusala unina
nodadewa6o omncane. Se6ese6enza eBhunwini imnyaka. Se6ekhumbula
26 izwe laku6o lasemaBhunwini. Unina usethi a6aye eGoli
kumfowa6o. 6afika asafanaye umfowa6o kanina. Se6esuka 6eza
eNatal. Kuthena ukufika kwa6o eNatal 6akha ezinkomponi zaseDundee.
Bathi ukusuka kwa6o eGoli 6ahamba ngezinyawo ngo6a imali yayisi6a
phelele. 6ahamba 6evuka 6elalala kwa udadewa6o omncane wafela
endleleni. Wa6ulawa umuntu uma se6ehla oNdini 6eqonde eNewcastle.
Lomuntu waphuma emahlathini. Kuyazisa ukuthi kwakuyisige6engu
inswela6oya. 6a6aleka wasalela ngomva udadewa6o ngo6a waye
27 sediniwe. Uthe unina ekhala kwakusekho ukusiza.
UNtombi6ovu mhle namanjena usemhle. Uthe uma 6afike
ezinkomponi. Se6efuna imali ngomuzimbi wa6o. 6a6eqoma kaningi
ngelanga 6efuna imali. UNtombi6ovu wayelandelwa ishumi
lam doda malanga onke. Wayemuhle njengo6a nanamhla usenjalo.
Useze uthola ukufa kwesilungu. Usekhathala ukuthengisa ngegazi
lakhe use6uza kumalume wakhe ukuthi ayikho yini indawo n
engamusiza kuna leni esimbubisile. Umalume wakhe us mula yela
28 indawo lapho azalelwa khona emaChunwini. Usehamba nothisha
uVilakazi indodana kamalume wakhe uza emaChunwini laya yifundisa
khona. A6antu emaChunwini se6eja6ula ukum6ona uNtombi6ovu.
Ngo6a phela 6ahamba 6eyizingane kwelasemaChunwini. Ikakhulu
izihlo6o zakhe zaja6ula impela. Unina akavumanga ukuza
emaChunwini. Wesa6a umndeni wasemaNcu6eni ukuthi 6azothi
wa6ulala umndayi ngo6a phela uyena owathi makahambe aya
eColony. Athuthe emaChunwini ngo6a e6ulawa a6afowa6o.
Sekudilika izinta6a za6antu 6ezokweshela uNtombi6ovu.
29 UNoziyamulandela phela uNtombi6ovu wo6usoka ngo6a phela naye

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kwakuwumuse6enzi wakhe ukuqoma athole imali ngako. Uziyamuladela wamuthatha khona eColony kumaBhusumani. Nokubhema loku, ngo6a xx phela ubena ipipi elinde wakufunda kuwona amaBhusumanni. Ukwazi ukukhuluma isiBhunu, nesingisi nezikula nesiZulu futhi. Uphila ngotshwala. Kwathi kumadoda ayemeshela wenza isimanga wala a6antu a6ahle a6ase6ancane wathanda umuntu osemudala. Owanqamuka umlenze, uFana Mkize.

30 Okwenza agane uGana wathi usekhathele ukuqoma wathi usefuna umuntu ongamugcina kuphela oyomugcwa6a. UGana Mkize usemufunela insimu emthatheni kwaHulumeni. Kwathi ngelinye ilanga kumakhaza waphuma eyohlakula khona ensimini. Wa6ona izinkuni ziningi emfudlananeni eMadwaleni. Kuleyondawo kwenile kunezihlahla eziningi notshani 6uningi impela. Manjena wathenza, watheza, waze x wa6ona izinkuni ngaphansi kwedwala usethi uyazithatha use6amba izimamba ezimbili. Sezethuka izimamba, zamisa amakhanda zombili nazo za6aleka. Enye yakhwela

31 phezu kwakhe. Kwazisa ukuthi wethuke waye xx washayeka phansi. Usekhala khona ephansi ethi. "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami ungishiyelani na?" Waye kade ecula iculo lamaSeweli elithi "Nkulunkulu wami ungishiyelani na?" Usevuka ethandaza. Ese6opha izinkuni ehamba. Usefika ekhaya eyi6ika kumfundisi xxxxx waseMaRoman omnyama uMr. Stephen Mcunu. Umfundisi usethi kk kuhle ukholwe uze esontweni ngo6a uNkulunkulu uyakuthanda. Useqalile ukusonta noma umyeni wakhe engakholwa yena.

Kusukela kulelolanga uNtombi6ovu akasavumi ukuhamba

32 yedwa uyaphelezelwa. Lendawo a6ona khona izinyoka ya6iyelwa izinkunzi zakwaHulumeni zohlo6o ezafika. Umuntu akavunyelwe ukuhamba kuyo nokutheza wayentshontsha njena ngo6a izinkuni ezi6ona ziningi kuyona nezulu liguqu6ele limakhaza impela. Lezimamba sezike zashaya izinja ezimbili kuyozingelwa. Umlungu uMr. Prinsloo akatshenwa ngo6a uzo6uza ukuthi zi6onwe u6ani eyofunani khona. A6elusi 6ezinkomo zakwahulumeni a6atshenwa muntu kodwa kuso6sla ukuthi 6ayazazi ngo6a a6avumi ukwelusela ngapho.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 163 K13/21 b9

33 Umhlola ovelele amaChunu

Kuthena ingakalwi impi yezindela namathelamali kwezwakala igwa6a6a likhala. Leligwa6a6a la6onwa umfana elusile izinkomo. Lakhala entanyana eduze nomuzi wenkosi. Lali6ala wonke amakhosi asemaChunwini ngamagama, lisho nokuthi 6angeke 6a6usekahle. Umfana uthe uma alizwe lisho njalo wahamba walanda a6adala ukuzo kuzwa lomhlola. 6athene uma 6afike lasho futhi. Umfana lona

34 wali6ongela wathi aku6atshene futhi gwa6a6a. Igwa6a6a laphinda lasho futhi ukuthi 6angeke 6a6usekahle. La6ala wonke amakhosi asemaChunini kusukele kuPhakade kuze kugcine ngosilwane. A6antu 6amangala 6onke ukuthi muhlola mini lona. Se6eyo6ikela inkosi na6amhlophe. Kuthi 6athi ukufika a6amhlophe nenkosi ala6elisakhuluma. Kwalandwa yena umfana u6a azolitshena likhulume. Useyake umfana. Useli6onge ethi "Khuluma nkuzi

35 emnyama, uzekhe izinda6a alavuma. 6athena ~~∅~~ 6angahamba lakhuluma futhi. A6anye 6athi kwakuyikhu6alo li6ika umhlolo ozovela emaChunwini. Aku6anga nsuku eziningi yavela impi kumaChunu elwa odwa izindela namaThelamali. Kwafa a6aningi kwa6asemaChunwini. Kwa6a umhlola ~~lol~~ lowo. Kuze uku6e namhlanjena emaChunwini kuyaliwa. 6alwa 6odwa 6a6anga ~~x~~ u6ukhosi 6odwa. Izigodi azihambelani. Wonke umuntu ukhala ngalelogwa6a6a ngongalizwanga ukhala ngalo ukuthi lasenza igwa6a6a

36 A6anye 6athi amaChunu anukiswa ngezinyamazane ezimbi ancindiswa ngezinsizi ezimbi ngempi yezindela namathelamali. Pho-ke nenyanga eyanukisa impi seyafa. Kuyoze kutholakale ~~xxx~~ inyanga futhi eyonukisa impi. Ukuze amaChunu atho6e. A6oshwa nsukuzonke kodwa alwa nsuku zonke. A6afana 6ezinkomo 6alana ngokushona kwelanga 6avuke izinswela6oya 6avimbele a6ahamba ngezindlela. Ikakhulu uma kukhona utshwala. 6athi 6angamushaya umuntu 6amkwathe imali.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

37 Isilingo esivele

Umnumzane wakwaZuma u6eziphethe kahle izingane zakhe.
Unamakhosikazi amathathu. Unamantombazane nezinsizwa.
Amantombazane mahlanu asemakhulu. Izinsizwa zintathu esezinkulu.
U6engafuni lamantombazane ahambe namanye amantombaze ethi
azofunda umuthetho omu6i. U6engafuni noma agane. U6ewanika
konke akufunayo. 6ekuthi noma onina 6ewacelela ukuthi ma
ayo6uka angavumi noku6amba ithoho engavumi/. Km Kodwa onina
38 e6avumela ukuba 6enze konke. Nezinsizwa ezivumela uku6a
zeshele zihambe nasemusindweni. Amantombazane alendoda mahle
impela, ikakhulu yona inkulu intombazane yinhle impela. Kuze
kwathi muva uyise wavuka nase6usuku ayolala kuwona athi ugadile
uku6a kungangeni a6afana ngo6a phela 6ona 6e6awafuna impela
lamantombazane. Nonina 6amantombazane 6ethanda aqome. Kwathi
ngesikwele sikayise waze wahlangana nenye kulamantombazane
eyokuqala. Kanti ay6ona nalana amanye. ukuthi uyise uyezwana
nontombenhle. Amakhosikazi e6engasoli lutho ngo6a
39 namantombazane a6engasho. A6emuthanda futhi uyise njengezinye
izingane koyise. Seku6onakala ngo6a seyemithi intombazane,
izinyanga seziwu 6. Kanti futhi nencane yemithi izinyanga
seziwu 2. Kuthe uma unina 6emusola uNtombehle xkxx akuthanda
loku uyise. 6aza 6a6uze kwencane yomfazi ophakathi
uMandlela ukuthi kunjani kuNtombenhle? Uthi uyaphila na?
Uthandaphi? O6ani a6afika e6usuku lapha elawini lenu na?
Intombazane isisho ukuthi uyise ovama ukufika lapha alale eduze
40 kwaNtombenhle ngelinye ilanga alale x eduze kwankwenkwezi.
Asemalela umnumzane uku6a azigade izingane. Use6eletha
uNtombenhle. Seku6a umuhlola lowo. Sekuza 6onke a6antu
6ezo6ona ukuthi uzaliswe u6ani. Uze uyasho uNtombenhle ukuthi
uyise omenze loku. Ngokuthukuthela kwenkosikazi endala ngo6a
phela uNtombenhle wakwayo isizi6ulala. Izinsizwa sezithukuthela
sezimushaya uyise. Kuthiwa azi6onaze zimenza lutho. Wazishayisa
okwezinkomo. Zamumangalela. Use6oshiwe nokwenkwezi use6eletha
naye futhi ezalwa inkosikazi eyazi6ulala 6elamana noNtombenhle.
Use6eletha umhlola into efana nengulu6e, kodwa kuwumuntu. Kwase
kuyafa futhi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S/13/a6.

K13/21



ser. 163

41 Isicolo

Isicolo senziwa izinkehli. Uma isizocanguza isiganile, uma isi6uya emuzini isi6onakalisa ukuthi isizo6a inkosikazi. Kuye kufike amantombazane ama6ili alapha igane khona elethe i6umba lokulungisa isicolo. 6ese kuthiwa azifune umuntu ozokweluka ikehli isicolo zihambe-ke izintombi zimfune. Akukhishwa mali zifuna umuntu ezimaziyo uku6a azoseluka. Ikehli lena iyaziswa ilanga lalowo ozofika 6ese imenzela
42 utshwadlana o6ulingene njena nokunye ukudla na. Usezoyeluka ikehli isicolo. Kuye kuthathwe izintambo eseziphothiweyo ngozi. Uziluxetshulwa emuthini ngomumese. Uzi kuqale kuwiswe isihlahla sonke phansi ngembazo 6ese luyaxetshwulwa. Usezoluthatha aye nalo ekhaya. Kuze luxe6uke kahle umuntu uhlikihla ngendawangu kahle. Usezolugeza khale ngaphambi koku6a aluse ekhaya luyophothwa. Usezolweneka futhi. Usezokweluka isicolo uthatha iva alucaze kahle uzilolo. Usezofuna uqoka umuthi ukhiwa emathafeni. Usezowephula
43 amahlahla kaqoka. Awalungisele ukumisa isicolo leso. Usezovula phakathi izinwele awufake phakathi uqoko. Usezozigco6a izinwele nge6omvu athathe intambo yozineva asithunge isicolo. Athunge izinwele uqoko uphakathi uku6a sime kahle isicolo. Kukhethwa umuntu okwaziyo ukusimisa kahle isicolo. 6ayedlulana. Usezothi uma eseqedile ukuseluka isicolo aphumisele lona a6emeluka ngamathe ukuze6anga zondani nezinwele zingaqothuki. Usezogeza manjena. Usezonikwa utshwala 6akhe nokunye ukudla.

Ukuhlikihla, kwenziwa izintombi nezinsizwa kakhulu.
44 Ziqala ngokuyogeza emfuleni. Zithathe utshane nensipho. Usezoligeza ikhanda. Aliphunde futhi alifaka manzi nensipho. Ayifake kakhulu insipho izothi uma siyikwe6u ahlikihle ngotshani izimbanqa zotshani okuhlikihlwa ngazo. 6ese izinwele zize zigozana. Isipho ayigezwa iziyomele khona. Usezothi uma efika ekhaya afake amafutha. A6ese uyahlo6a.

Umuyekho inye mhlo6o eyenziwa amabheshu ngezinwele. Umyekho uvame kuzangoma nezalukazi. Loku kwenziwa ngezinwele nezintambo. Kuphothwa izinwele ngezintambo 6ese kufakwa i6umba. Li6uye ligezwe i6umba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

45 Umdlalo wa6afana

Miningi imidlalo eyenziwa a6afana ehlane. Kukhona umdlalo okuthiwa unkatha. Lomdlalo wenziwa a6afana uma izinkomo ziya emasemini. Kunhlo6o ningi ukwenza unkatha. Olunye lwenziwa ngamatshe, olunye ngazinti, olunye ngezinduku. Olwezinduku lonhlo6o mbili. Alwa matshe, kuthathwa itshe li6ekwe phezu kwelinye 6ese kumiwa kude nalo. Oyalishaya kuthiwe usephumile. 6ayokwenza njalo kuze kusale a6emunye. Lowo osele uyena osozolonda izinkomo ngo6a wehlulekile. Sekuzophindwa olunye futhi zisaqala ukuhamba izinkomo. Uma
46 6ehluleka 6onke ukulushaya sekuzothiwa a6ahambe 6onke 6ayokhalima izinkomo. Phela izingcwele azilushayi zona. Uma futhi luphele masishane kushayelwe ezingakahambi. Umbaso6i wako konke loku izingcwele ngo6a noma izinkomo zingene emasimini kushaywa izingcwele. Akushaywa nkatha lunye kuyashintshwa njalo. Olunye olwezinduku omunye uyayi6eka omunye ayishaye. Akayi6eki athule nayo uyayixumisa njalo uma ethi omunye uyayishaya. Aze ayishaye ngomuse6enzi naye. Oyishayile usephumile akasezukuya ezinkomeni. Kuyashintshwana, uthi
47 angehluleka omunye 6ese kushaya omunye njalo aze ayishaye omunye. Kwenziwa njalo 6aze 6aphele 6onke kusale a6emunye. Uyena osozokweqela izinkomo lezo. Ovela kokweqela izinkomo akalushayi. Ukuphumule yena. Aze ashaye kolulandelayo. Olunye lwenduku kuya6anjwa kuthi oyena oyivale phezulu uzolanda izinkomo. Uma induku iyinde 6ayashintshana kuze kufike ekugcineni kwenduku. Olusheshisayo lolu kuno lunye. Lukhona futhi olwenduku kugxunyekwa induku kude 6ese iyashaywa
48 leyonduku. Oyoyishaya usephumelele yena. Kufuneka ayiwise phansi uma eyishayile. Kuphindwa kwenziwa njalo kuze ku6esekugcineni kusale a6emunye kuphela. Uyena osozolanda izinkomo lezo. Luvamisa ukwenziwa uma kumanzi phansi lolo. Yikhona induku izogxumekeka phansi. Lenziwa futhi ezinkangala lapho amatshe engekho. Ezinta6eni kwenziwa olamatshe. Uma induku zingandile kwenziwe olotshani. Elotshani. Kuye ku6anjwe izinti zotshani ngeminwe oyolunqamula kuqala uthi usephumile. Lula lolu. Olunye olukufihlelana ingendo noma itshe elincane. Uyonikhomba usephumile yena.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21 13*

ser. 163

49 . Eminye imidlalo ilena: Kuye kulinywe ngeziphanga zezimbuzi noma zezinkomo noma ngengcwengcwe. A6anye njalo 6awakhande amakhu6a nge6umba. Kulinywa uma linile. Okunye 6a6ambe izinyoni. Izi nyoni 6azi6amba kanjena 6ayazikuhezela. Ithi uma isemaqandeni 6ese 6ecula iculo 6ezungeza indlu yenyoni. 6akwenza kakhulu kumagedezi 6azothi a6anye 6ecula omunye anyonyo6e aze asondele eduze nendlu usezoshaya emunyango n ngenduku uma lithi, liyaphuma igedezi. Phela uma 6ekuhezela lisuke lilale lizwe umsindo.

50 Kokunye 6alicuphe ngomusho6a wezinkomo. Kokunye 6alimboze ngebhatshi noma ngebheshu. Iculo eliculwayo ileli:- Yekuhe kuhe, yekuhe kuhe wolala gedezi, wolala gedezi. Kufuneka a6afana a6aningi ukuze lilale, 6a6ange umsindo impela. Uma seku6anjwe amaningi amagedezi noma ezinye izinyoni. Kuye ku6anjwe namaphuphu, nezakwace, noma ongoqo. Namabunzi. Uma sekuyozingelwa kushiywa a6ancane a6afane ezinkomeni nomunye omukhudlwana owethembekileyo kuna6o 6onke uku6a 6abheke izinkomo.

51 Uma seku6iyiwe se6eza6apha kakhulu la6a ekade 6asele. Nalowo nalowo unomufana wakhe kwa6ancane. Nezimbiba zizingelwa njengazo izinyoni noma kwehlukile kancane njena ngo6a a6ancane a6afana 6ayazethusa izimbi6a zize ngakwa6akhulu, 6ese 6ona a6akhulu 6ehlala emikhondweni yazo. Zithi uma zifika 6azishaye a6akhulu. Ze6ezotheza a6ancane izinkuni seku6aswa umulilo omukhulu. Sekosiwa zona izinyoni nezimbi6a ingcwele izo6a6ela konke. Lize lishone kwenziwa konke loko. Uma selishona zi6uye izinkomo ziye ekhaya.

52 Uma izulu lina kusala a6akhulu ezinkomeni. Uma umfana engenaye omkhulu ongamusiza azeluseIe. Kodwa akuvamile loko. Uma lina kakhulu impela zokweluswa izingcwele zonke 6azilande uma selishona a6ancane sezongena ezi6ayeni. Izingcwele zethembekile kakhulu nakumadoda ngo6a izona ezinandla koku konke. Noma kuvele into embi i6uzwa kuyona ingcwele leyo. Uma ingcwele iyisithupha ezinye izingcwele zidlala ngayo na6afana 6ayo6ayahlupheka impela kakhulu. Ziningi izingcwele ngezigodigodi. Zifana namagoso ezinsizwa.

End. S.163

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.